# ABAKWA-SARS BAZONGENISA IZIHAMBELI EZIYIZINHLOKO ZEZIPHATHIMANDLA ZOMNYANGO WOKUTHELISA ZE-BRICS

**PRETORIA, 11 kuMbasa 2018 -** Umhlangano wokuBambisana kweMinyango yokuThelisa uzobanjelwa emahhovisi oPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS), ozobe uhanjelwe izinhloko zeziphathimandla zeminyango yokuThelisa ezivela emazweni angamalungu e-BRICS: Brazil, Russia, India, China kanye ne-South Africa (iNingizimu Afrika) ngenhloso yokuqinisa ubudlelwano kanye nokuthuthukisa ukusebenzisana kanye nokugqugquzela intuthuko phakathi kwamazwe angamalungu e-BRICS.

Izinhloko zokwenganyelwa kweminyango yokuthelisa ezivela emazweni angamalungu e-BRICS zizohlanganela eThekwini ukusukela mhla ziyi-18 kuya kumhla ziyi-19 kuMbasa 2018. Lo mhlangano wawulandela umhlangano wongoti bezeminyango yokuthelisa owawuzoba sendaweni efanayo kusukela mhla ziyi-16 kuya kumhla ziyi-17 kuMbasa 2018. Abakwa-SARS bazophinde bangenise izihambeli ezingongoti bezentela kanye nezinhloko zokwenganyelwa kwentela ngoNhlangulana wezi-2018. Le mihlangano iyingxenye yemihlangano yeminyango kahulumeni eyingxenye yokulungiselela iNgqungquthela ye-BRICS ezobanjelwa eNingizimu Afrika njengosihlalo we-BRICS kuNcwaba 2018.

UHulumeni waseNingizimu Afrika usezibophezele ekusebenziseni indima yawo njengosihlalo we-BRICS ngonyaka wezi-2018 ukuhlela kahle ukufinyelela ekusebenzisaneni okungcono kule minyaka eyishumi ezayo.

UHulumeni uphinde wazibophezela ekulandeleleni uhlelo olwabekwa e-Xiamen, China ngonyaka wezi-2017, ngenkathi i-China iwusihlalo, ukuqinisekisa ukubambisana nokuqhubeka kwalolu hlelo.

Lokhu kuzobe kungokwesibili iNgqungquthela ye-BRICS ibanjelwa eNingizimu Afrika, emva kokubamba le Ngqungquthela kuNdasa wezi-2013.

Ubulungu beNingizimu Afrika ku-BRICS kuyinto ebalulekile emizamweni yayo yenqubomgomo yamazwe angaphandle eseqhulwini, kubandakanya ukukhuthazwa kwe-African Agenda, intuthuko ezinzile, izinguquko nokubusa ngokubambisana emhlabeni.